



INGEDE

Lishicilelwe yi - SOUTH AFRICAN SUGAR ASSOCIATION EXPERIMENT STATION

June 2003, Vol. 6, No.1



UKUTSHALWA KOKUQALA KOHLOBO LWE N27 KWA MACEKANA

Ngu TC Hadebe

Abalimi abaningi abalima ezingeni elincane basatshala izinhlobo ezindala zikamoba ezinjenge NCo376 ezinoshukela omncane futhi ezingakwazi ukumela izifo nezinambuzane eziningi njengalezi ezintsha. Abeluleki bazamile iminyaka eminingi edlule ukukweluleka abalimi ukuthi batshale izinhlobo ezintsha uma bekhipha lomoba omdala ngenhlosa yokunyusa isivuno sabo. Abanye-ke abalimi basithatha leseluleko benza njengoba kunconyiwe. Omunye walabalimi uMnumzane uJabulani Myeza onensimu e Macekana ngaseMpangeni kwaZulu-Natal.

Ummuzane uMyeza wathatha iseluleko someluleki wakhe u Mnumzane TC Hadebe. Ngaphambi kokuba atshale kabusha insimu yakhe engama heke angu 3.1 wacela ukuba Mnumzane Hadebe amelekelele ngokuthatha isampula lomhlabathi ukuba uye kohlolwa. Kwakubalulekile ukuba akwenze lokhu ngoba kwakuzomsiza ukuba azi ukuthi mungakanani umanyolo okumele awufafe emhlabathini nokuthi hlobo luni okufanele alufake. Walihamisa-ke isampula esikhungweni socwaningo e Mandaskomu (Mt Edgecombe) lapho elafika lacwaningwa khona kwase kuhishwa izincomo. Walekelela futhi umeluleki u TC Hadebe ekuthengweni kwamanyolo wabe sewufakwa ngokwezincomo. Imbewu N27 ephilile yathengwa kumlimi omkhulu oseduzane. Lokhu kwenzeka enyangeni ka Lwezi (November) 2002. Emva kokutshala ngaphambi kokuthi ukhula lube inkinga wabe uMnumzane uMyeza wafaka isibulala-khula.

Ummuzane u TC Hadebe weneliseka ngendlela umoba owaqhuma ngayo kanye nokuhula kwavo wafisa ukugqquqzela abanye abalimi ukuthi benze njengo Mnumzane u Myeza. Ngomhlaka 25 ku Ndasa(March) 2003 uMnumzane uHadebe wamema abanye abalimi abancane, abeluleki basemshinini, abeluleki bomnyango wezolimo umeluleki wakwa shukela ukuthi bazobona lensimu. Bonke bagculiseka isimo sensimu abayibona indlela umoba okhula ngayo kanye nokuhlanzeka kwensimu uma iqhataniswa nemanyi amasimu aseduzane.

Ummuzane uHadebe watshela abalimi ukuthi isimo esingcono somoba wabalimi abancane singatholakala kuphela uma bethatha izeluleko zabeluleki mayelana nokutshala komoba kanye onkutshala izinhlobo ezinconyiwe. Ummuzane u Hadebe wabe esencoma uMnumzane uMyeza ngokukhuthalela ukulima.

**Ukutshala izinhlobo ezintsha
esezenziwe ngcono kunomthelela
omuhle esivunweni sakho.**



Umeluleki wezolimo u Mnu TC Hadebe kanye no Mnu Jabulani Myeza ongumlimi kamoba.



Insimu etshaiwe inhlobo ezintsha i N27 ingenalo ukhula.





INDLELA YOKUTHATHA ISAMPULA LOMHLABATHI USEBENZISA IFOSHOLO



1. Vula isikhala emnhabathini lapho uzokumba khona umgodi.



2. Imba umgodi odle ngokucija phansi kodwa ovulekile ngaphezulu. Ulingane nobude becembe Iwefosholo.



3. Thatha-ke umhlabathi owugqinsi ocishe ube amasentimitha amathathu.



4. Susa –ke umhlabathi ovela eceleni kwalolugginsi.



5. Faka ebhakedeni-ke iona osele ecembeni Iwefosholo.



6. Phinda-ke njengoba wenzile ekuqaleni kuze kube kashumi ezindaweni ezahlukene ensimini kodwa uqala kwelinye ikhona uze uyofika kwelinye ikhona.



7. Hlanganisa kahle-ke inhlabathi esebhakedeni



8. Ithululele esakeni-ke lomhlabathi lize licishe ligcwale.



9. Gcwalisa yonke imininingwane yakho elebuleni bese ulibophela esakeni lomhlabathi.





Iyini imvelo?

Ikhasi 1

Isimo sendawo Umhlabathi
Umoya Amanzi
Izilwane Izitshalo

Ingcebo Eyimvelo

Ukunakekela ingcebo yethu yemvelo - Amanzi

Ikhasi 2

Siwasebenzisa kanjani amanzi futhi kwenza-kalani uma sesiqedile ukuwasebenzisa?

Isimo sendawo → Umhlabathi → Amanzi
Umoya → Izilwane

Ukunakekela ingcebo yethu yemvelo - Umhlabathi

Ikhasi 3

Ukuphathwa komhlabathi

Kuhle Kubi

✓ Kuhle ✗ Kubi
✓ ✗
✓ ✗
✓ ✗

Ukunakekela ingcebo yethu yemvelo - Umoya

Ikhasi 4

Umoya Esiwuphefumulayo

Izitshalo

Umoya Esiukhiphayo

Uma UKUSHISA umlilo kungeke kugwemeke!

abantu nemvelo

Ikhasi 5

Isimo sendawo semvelo

- Izilwane zasendle
- Izitshalo zendabuko
- Ukugqagqana kwezindlu

Isimo sendawo esiguquulwayo

- ✗ Uphepha kwezilwane zasendle
- ✗ Uphepha kwezitshalo zendabuko
- Ukwanda kwezindlu
- Ukuqala kokulima
- Ingqalasizinda

Isimo sendawo esesiguqukile

- ✗ Uphepha kwezilwane zasendle
- ✗ Uphepha kwezitshalo zendabuko
- Ukminyana kwezindlu
- Ukwanda kwamadoloba
- Ukgcoliseka komoya
- Ukwakheka kwengqalasizinda

Ukunakekela ingcebo yethu yemvelo - Imithetho emisiweyo

Ikhasi 6

UMTHETHOSISEKELO

Izitshalo Umoya
Amanzi
Umhlabathi Izilwane

IMITHETHO EMISIWEYO YEZEMVELO

- National Forest Act
- The National Water Act
- Occupational Health and Safety Act
- The Conservation of Agricultural Resources Act
- The National Environmental Management Act (NEMA)

Kunamuphi umthelela ukulima kwezemvelo?

Ikhasi 7

Ezasendle Izitshalo

Ukunakekela ingcebo yethu yemvelo - Izitshalo nezilwane

Ikhasi 8

Izitshalo nezilwane eziwusizo ekulimeni umoba

Ezasendle Izitshalo

✓ Ezasendle ✗ Izitshalo

Kungani kufanele sinakekele ingcebo yemvelo?

Ikhasi 9

Ukuze sithole ukudla, amanzi, uphahla kanye nezolimo ezisimeme

Ukunakekela ingcebo yethu yemvelo - Ukuxhumana

Page 10

Kubalulekile ukuxhumana.

Kungani sidinga ukuxhumana?

Ubani esixhumana naye?

Yonke imiphakathi kwezelimo

- Abalimi
- Abeluleki bezolimo
- Osonkontileka
- Izinhlangano ezilekelelayo
- Umphakathi wendawo
- Abasebenzi basemapulazi kanye nemindeni yabo

Ikhasi 6

Ikhasi 7

Ikhasi 8

Ikhasi 9

Ikhasi 10



UHLELO LOKWABELANA NGEMBEWU ABAZIQALELE LONA ENDWEDWE

Ukutshala ngembewu ephilile igxathu lokuqala elisho ukulima ngendlela efanele.
Ukulima ngendlela efanele kunomthelela omuhle uma sekuvunwa.

- Isimiliselo sembewu esingamaheke angu 1.2 esiseMsumduze Training Centre siwumphumela womfelandawonye we (Department of Agriculture and SASEX).
- Lomsebenzi owaqala ngo Masingana (January) ku 2002 wabe unezinhloso ezintathu:
 - Ukukhombisa ngenhlobo entsha kamoba I N29 endaweni.
 - Ukukhombisa ngembewu enhle nephilile endaweni.
 - Ukusebenzia lesismiselo sembewu njengeskole lapho abalimi bezofunda khona izindlela ezinhle nezfanele zokulima.
- Imbewu ephume kulesisimiselo ihlolive futhi seyidluliselwe kwizifunda eziwu 16 endaweni yaseNdwedwe lapho umlimi ozinikele ukubheka indawo ethola amathani ayishumi embewu. Lawa asuke anele ukutshala I heke elilodwa.

Ukuze lenhlobo ifinyelele kubo bonke abalima abalima ezingeni elincane endaweni yaseNdwedwe, labo abaluqala loluhlelo bavumile ukuthi banikele ngembewu kwabanye abalima nabo abazodluliselwa kwabanye amathani ayishumi embewu. Lowomoba osalayo kuba kuyena umlimi ukuthi uwusa emshinini noma awushiyele ukutshala kabusha noma awudayise. Lesi isibonelo esihle sobuntu.



Sebenzisa imbewu ephilile njalo.



Abalimi abasebenzisa imbewu ephilile bazovuna isivuno esihle.

UMTHOMBO "UYIKUSASA"

Siyathokoza ukumemezelu umncintiswano womlimi womoba ovelele ka 2003 ozoba lapho ngakini.

Uma ungumlimi onesikweletu noMthombo... ukhokha kahle...unomlando omuhle wokongela ihlumela...unomoba omuhle... kungangani ungabi owinayo, ozilungiselela ikusasa!

Phuthuma ungashiywa. Ungase ube umlimi ophumelelalo uzuze imiklomelo.

Thola ifomu yokungenela umncintiswano kunobhala ehhovisi IoMthombo lomshini womoba ongakini. Lipose...lilethe ehhovisi IoMthombo eliseduze nawe...lithumele ehhovisi elise Mount Edgecombe. Liphuthumise ukuze ungasali kulomncintiswano "WOMLIMI WONYAKA KA 2003".

IMIFUNDAZE YEMBONI KASHUKELA KA 2004!!!

Isikhwama semboni kashukela I SITFE nesasungulwa ngo 1965 ngenhloso yokukhiqiza amakhono afanele kweze Sayensi, kwezo Limo, nakwezobu Njiniyela ezindaweni ezitshalwe umoba, sesiphinde sakhipha imifundaze yango 2004.

Ukuze ube ngomunye wabacatshangwelwayo mayelana nalemifundaze kumele ube nalokhu okulandelayo:

- Ube ngumfundu osenza unyaka wakhe wesibili ezifundweni zezoLimo, eze Sayensi noma kwezobu Njiniyela.
- Kumele ube umfundu owenza izifundo zakhe ekolishi lezolimo, eNyuvesi noma e Technikon esendaweni etshalwe umoba.
- Kumele ube ngumfundu ongenasikweletu nesikhungo lesu ofunda kusona ngonyaka ozothola ngawo umfundaze.

• Kumele ube isakhamuzi salapha eNingizimu Afrika futhi ube nokuxhumana okuthile nemboni kashukela.

Kulonyaka izicelo ziyouwamukela kusukela enyangeni ka Mbasa (April) .

Amafomu ayatholakala kulezizindawo ezilandelayo:

Emahovisi osizo Iwezimali ezikhungweni zemfundu ephakeme,, emhovisi akwa Canegrowers ezifundeni, emahovisi amakomidi abalimi, kondabazabantu basemshinini. Ungakwazi futhi ukufaka isicelo kwi internet kulelikheli www.sasa.org.za. Uma ufuna ulwazi olwengeziwe ungaxhumana nabomnyando wentuthuko kwaShukela kulenombolo 031 508 7030

AMASU ASEMQOKA

- Ukwenza uhlelo lomsebenzi kubalulekile. Yiba nesandla nawe ekwakheni loluhlelo ngokuzimbandakanya nekomidi locwaningo nentuthuko kanye nokweluleka endaweni yakho. Isunguleni-ke ekhalenda yomkhiqizo.
- Cela umeluleki wakho wezolimo ukuba nenze uhlelo lokutshala indima eyisibonelo endaweni yenu
- Kumele nikucabangisise ukuqala isimiselo sezitshalo lapho nizothola khona imbewu yenu. Lokhu kuzonehlisela izindleko zokutshala.
- Celani iqebu elihlola izifo nezinambuzane ukuthi linihlolele isifo I RSD kulawomasimu enizowatshala kabusha. Kulawo atholakale enaso lesisifo kuhle ukthi insimu iyekwe izinyanga ezyisithupha ingatshaliwe umoba.
- Hlolisa insimu yakho ukthi ayinaso yini isihlava. Uma ishayekе kakhulu isihla kuhle ukthi usheshe uhlahle.
- Gcina insimu yakho ingenakhula ukuze umoba ukhule kahle.
- Uma kunesidingo, faka isibulala-khula I Gramoxone 1.5 + Diuron 21 gehekenjengoba kunconyiwe ukwehlisa ukukhula kokhula.
- Uma kunezikhala ezibonakalayo kumele uzigwalise ngokutshala kuzona futhi umoba
- Kubalulekile ukuthi ukhiqize umoba osesimweni esihle – Hlolisa imigomo yokuhlahla kanye nosonkontileka bakho.
- Lapho kunesidingo lungisa amadabuli akho.
- Uma uhlahla umoba oshisiwe qiniseka ukuthi usonkontileka uyayazi imithetho ebekelwe ukushisa.
- Qiniseka ngezilinganiso. I Bhodi lasemshinin lidinga izilinaniso ezethembekile nezicophelekile.
- Qasha usonkontileka othembekile
- Qiniseka ukuthi usonkontileka uyazi ukuthi umshini ufuna umoba onjani.
- Beka imigomo yokuhlahla.
- Hlala njalo uxhumana nomeluleki wakho wezolimo.
- Thatha umhlabathi kulawo masimu azotshalwa kabusha ukuba uyo hololwa.
- Shiya amdabuli omlilo azungeze insimu.



UHLELO LOKUNAKEKELA UMHLABA LUKAZWELONKE

SINAKEKELA UMHLABA WETHU KHONA NAWO UZOSINAKEKELA

Luphathele nani?

Loluhlelo lokunakekela umhlabu uhlelo lomphakathi behlangene nohulumeni. Luxhaswe ngokubambisana izinkampani zangasese kanye nohulumeni kanti lugxile ekwongiweni kwengcebo yemvelo ngokukhuthaza ukusetshenziswa komhlabu ngendlela efanele. Loluhlelo lunikeza usizo ukuqala izinhlelo ezikhonjwe futhi ezizoqashelwa ngimpahkathi

Kungani siludinga?

Ukupathwa kwengcebo yemvelo kuqala futhi kuncike ekutheni abantu banobudlelwanu obunjani nomhlabu. Kubalulekile kakhlulu ukuthi abantubakuqonde ukuthi umhlabu awukhiqizi ukudla nje kuhela kepha namanzi ahlanzekile, indawo yokuphila yezilwanyana zasendle, umoya ohlanzekile kanye namathuba omsebenzi nokuzijabulisa.

Isiqalo esinikeza amandla

Loluhlelo Iwe Landcare luyayibona indimia engadlalwa abantu abahlala kuleyondawo ekunakekeleni isimo sendawo yabo. Imiphakathi iyakhuthazwa, ixhaswe futhi inikezwe negunya lokunakekela imvelo yabo ngokudlulisela ulwazi nokuqonda. Inhoso ukukwandisa umkhiqizo ngokusebenzia umhlabu ngendlela eyamukelekile futhi ezowugcina usimeme ngokusebenzia izindlela zokuphatha umhlabu ezamukelekile, eziwuvikelayo kanti neziwuvusayo.

Singazimbandakanya kanjani naloluhlelo?

Uma uzihlupha ngezindaba eziphathelene nemvelo mhlawumbe kukhona nabanye abazihlupha njengawe. Qalani iqenjana lenu lapho nizoxoxisana ngalezizinto ezimayelana nokongiwa kwemvelo. Ningakwazi ukwenza umahluko emiphakathini yenu ngokuziqalela izinhlelo zenu. Uma nibona ukuthi nidinga ulwazi oludlulele noma ukuxhaswa ningafaka isicelo kuloluhlelo Iwe Landcare.

Ulwazi olwengeziwe

Uma usafuna ukwazi kabanzi ngaloluhlelo ungathintana ne Provincial Landcare Co-ordinator; Stuart Armour kulanombolo yocingo :033 - 3559339 Isikhahlamezi: 033 - 3559330 noma ngombiko we e-mail armour@dae.kznt.gov.za.